



NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION  
NOVEMBER 2015

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA: IPHEPHA I**  
**ISIZULU FIRST ADDITIONAL LANGUAGE: PAPER I**

Isikhathi: Amahora ama-2½

Amamaki ayi-100

---

**QAPHELA LOKHU OKULANDELAYO**

1. Leli phepha linamakhasi ayi-15. Qiniseka ukuthi nelakho liphelele.
  2. Leli phepha lineziqephu EZINE.
  3. Phendula zonke IZIQEPHU.
  4. Qala isiqephu ekhasini elisha.
  5. Qiniseka ukuthi **awuyixovi** imibuzo.
  6. Phendula yonke imibuzo ngesiZulu.
  7. Shiya imigqa EMIBILI emva kwezimpendulo zakho.
-

**ISIQEPHU A ISIFUNDO SOKUQONDISISA****UMBUZO 1**

**Funda le ndaba bese uphendula imibuzo elandelayo.**

**IZINGOZI ZOMGWAQO**

[Umthombo: <[www.canstockphoto.com](http://www.canstockphoto.com)>]

- 1 Sekuyinto ejwayelekile ukuthi njalo ngamaholide amakhulu sizwe ngezingozi zomgwaqo eziningi kulo lonke izwe lethu. Abantu abaningi bayafa, abanye balimale kakhulu.
- 2 Umbuzo omkhulu ukuthi kuyoze kube nini abangane bethu, izingane, nezihlobo zethu ziphelela emigwaqweni? Kuba buhlungu kakhulu uma ingozi ivelela umuntu ongenacala ngenxa yesidakwa nje esingafuni ukulalela. Abantu abaningi bashayela izimoto bedakiwe. Lokhu kuba nomthelela omubi kwabanye abashayeli abangenacala. Lokhu kwenzeka kakhulu ngamaholide kaKhisimusi namaholide ePhasika.
- 3 Ziningi izinto ezidala izingozi zomgwaqo, akubona utshwala kuphela kodwa buyisizathu esikhulu. Kukhona abashayeli abathanda ukushayela ngejubane elikhulu, ikakhulukazi abashayeli abasebasha. Kuba mnandi kubafana abancane ukubukisa ezintombini. Kuba mnandi nokukhombisa abangane ukuthi yena uhamba ngemoto egijima ukuzedlula zonke. Imiphumela yako konke loku wukulahlekelwa yimpilo, nokuhlukumezeka kwabanye abashayeli abangenacala.
- 4 Abanye abashayeli bashayela izimoto ezingakulungele ukuba semgwaqweni. Kuba kubi kakhulu uma umshayeli ezogibelisa abantu emotweni ayaziyo ukuthi ayilungile. Lokhu kungukubulala. Ungayishayela kanjani imoto ube wazi kahle ukuthi ayinamabhuleki? Ungayishayela kanjani imoto enamathayi agugile? Lo mshayeli kufanele aboshwe agwetshwe iminyaka eminingi ejele. Uxolo alufuneki kulesi simo.
- 5 Kunabantu abashayela ngaphandle kwezincwadi zokushayela. Abazazi nezimpawu zomgwaqo kodwa bangena emotweni bashayele. Abantu bahlulwa yini ukulinda baze babe ngabashayeli abaphasile ngaphambi kokushayela izimoto? Kukhona nokho ezinye izingozi ezidalwa ngabantu abahamba ngezinyawo. Abanye babo bahamba nje badakiwe. Umuntu makadlalele kude nemigwaqo emikhulu uma esezizwa ukuthi usephuzile.

6 Izizathu ezinye zezingozi zomgwaqo isimo esibi sezulu, imigwaqo emibi nezilwane ezihamba emigwaqweni. Yize kulukhuni ukuvikela lezi zingozi kodwa izingozi eziningi zomgwaqo zingavikeleka ngoba zidalwa wubudedengu (*recklessness*) kubashayeli. Uma wonke umuntu engahlonipha izimpawu zokushayela, ayikho ingozi engaba khona. Wonke umuntu angaphepha.

- 1.1 Bhala imiphumela EMIBILI yezingozi zomgwaqo **ngokwendaba**. (2)
- 1.2 Esigabeni 2, khipha amagama asho:
- 1.2.1 *Christmas* (1)
- 1.2.2 *Easter* (1)
- 1.3 Phendula ngokuthi YIQINISO noma NGAMANGA.
- 1.3.1 Isimo esibi sezulu singabanga izingozi zomgwaqo. (1)
- 1.3.2 Bonke abashayeli abangenalayisense badala izingozi zomgwaqo. (1)
- 1.3.3 Ukuhlonipha izimpawu zomgwaqo kungehlisa izingozi zomgwaqo. (1)
- 1.4 Ngokwendaba, isiphi isizathu esikhulu sezingozi? (1)
- 1.5 Yiziphi ezinye izinto EZIMBILI ezidala izingozi zomgwaqo? (UNGABHALI EZISENDABENI). (2)
- 1.6 Bhala izinto EZIMBILI okufanele zenziwe nguhulumeni ukwehlisa izingozi zomgwaqo. (2)
- 1.7 **Kuyiqiniso** noma **wumbono** ukuthi izingozi eziningi zomgwaqo zenzeka ngamaholide? Sekela impendulo yakho. (2)

**[14]**

**UMBUZO 2**

**Funda le ndaba bese uphendula imibuzo elandelayo.**

**EZOKUVAKASHA**

[Umthombo: <[www.travelstart.co.za](http://www.travelstart.co.za)>]

- 1 INingizimu Afrika inezindawo eziningi ezidonsa izivakashi zomhlaba wonke. Kungakho nje ezokuvakasha seziyibhizinisi elikhulu eNingizimu Afrika. Izwe lethu lithola imali eningi kakhulu ngezokuvasha.
- 2 Inkampani iHlala Nathi ibambe iqhaza elikhulu kwezokuvakasha. Le yinkampani eyaziwayo ehlelela abantu base-Afrika amaholide aya noma yikuphi. Le nkampani inamahhovisi angaphezulu kwekhulu e-Afrika futhi isineminyaka engaphezu kweshumi ikhona.
- 3 IHlala Nathi ihlela izinhlobonhlobo zamaholide. Ihlelela labo abafuna ukuhamba ngomkhumbi futhi iyabahlelela nalabo abafuna ukugibela izintaba. Wena ukhetha uhlobo lweholide olufunayo bese iHlala Nathi ikulungisela.
- 4 Uma ungazi kahle ukuthi uthanda iholide elinjani, iHlala Nathi iyakusiza ukuthi uthathe isinqumo esihambelana nawe. Bakukhombisa izinhlobo zamaholide ezithandwa kakhulu ngabantu abaningi.
- 5 Le nkampani, iHlala Nathi, isebenzisana namahhotela amakhulu nezinkampani ezibolekisa ngezimoto emhlabeni wonke. Bayakwazi ukukutholela nesaphulelo (*discount*) uma bekuhlelela iholide lakho kusukela ekuqaleni kuze kube sekugcineni. Bashibhile kakhulu futhi uma amanani engcono kwezinye izinkampani, nabo bayakwehlisela.
- 6 Banezinhlelo (*programmes*) ezimbili ezithandwa ngabantu abaningi:

**Uhlelo A:** Iholide lokuzijabulisa ngomkhumbi.



[Sithathwe kwi-Intanethi]

Baqiniseka ukuthi:

- Imoto ikuthatha edolobheni lakini ikuyise emkhunjini; ikubuyise futhi emva kweholide lakho.
- Uthola ukudla kwasekuseni, nasemini nasebusuku emkhunjini.
- Uyakwazi ukusebenzisa i-Intanethi.

**Uhlelo B:** Iholide lokuzijabulisa ngebhanoyi.

[Sithathwe kwi-Inthanethi]

Uma uzohamba ngebhanoyi bakuhlelela

- Amathikithi ebhanoyi.
- Ihhotela nokudla kwasekuseni.
- Imoto ozoyisebenzisa.
- Abantu abazokukhombisa izindawo ozithandayo.

- 2.1 Yini umsebenzi weHlala Nathi? (1)
- 2.2 Ngokwendaba, le nkampani imsiza kanjani umuntu ongazi ukuthi ufuna iholide elinjani? (1)
- 2.3 Le nkampani inamahhovisi angaphezu kwekhulu. Bhala **ikhulu** ngezinombolo. (1)
- 2.4 Usithola kanjani isaphulelo kule nkampani? (1)
- 2.5 Bhala umehluko phakathi kohlelo A nohlelo B. (1)
- 2.6 Wena ungayethemba le nkampani? Sekela ngamaphuzu amabili. (2)

**[7]**

**UMBUZO 3**

**Buka lesi sithombe bese uphendula imibuzo.**



[Sithathwe kwi-Inthanethi]

- 3.1 Le ndawo isemakhaya NOMA isedolobheni? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu amabili. (3)
  - 3.2 Bhala izilwane ezisesithombeni. (1)
  - 3.3 Ucabanga ukuthi umama osesithombeni wenzani? (1)
  - 3.4 Yini iqhude? (1)
  - 3.5 Wena ungathanda ukuhlala kule ndawo? Sekela ngamaphuzu amathathu. (3)
- [9]**

**Amamaki angama-30**

**ISIQEPHU B UKUFINGQA****UMBUZO 4**

**Buka lolu hlelo lohambo lukaJames bese ulufingqa ngamaphuzu AMAHLANU. Bhala amagama ayi-60 kuya ku-70.**

<p>South Africa – London 20–12–2015: UJames uzosuka eGoli ngebhanoyi i-London SAA747. Ibhanyoni lakhe lizosuka e-OR Tambo International eGoli ngo 18h00. Uzohamba ubusuku bonke aze ayofika eLandani ngo 8h00 ekuseni ngakusasa.</p>
<p>21–12–2015: London Uma efika eLondon uzogibela ibhasi esangweni elingunombolo 24 aye ehhotela elikhulu i-Queens. Uzofika aphumule lapha ehhotela noma-ke azulazule emigwaqweni eseduze. Angazihlalela nasebha yakhona lapha ehhotela azijabulise ngeziphuzo ezibandayo.</p>
<p>22–12–2015: London Ngaleli langa uJames uzovakashela izindawo ezibalulekile kule ndawo yaseLondon. Uzohamba ngesitimela esihamba ngaphansi. ILondon uzoyihamba yonke. Uzoya kobona izinkundla zebhola zamaqembu amakhulu anjengo-Arsenal noTottenham Hotspurs.</p>
<p>23–12–2015: London Ngaleli langa lesithathu uJames uzohamba ngesikebhe emfuleni omkhulu i-Thames. Yileli langa lapho ezohlangana khona nentombi yakhe uDolly osebenza njengomhlengikazi khona lapha eNgilandi, eManchester. Bazohamba bebuka ubuhle bedolobha iLandani. Bazontweza ngesikebhe amahora ayisihlanu bese beya eManchester lapho kuhlala khona intombi yakhe. Abangane bentombi yakhe bazomenzela iphathi ngalolu suku. Lobu busuku bakhe uzobuchitha khona lapha eManchester nentombi yakhe.</p>
<p>24–12–2015: London – Bradford UJames uzogibela ibhanoyi iBritish Midlands 500 ngo-11h00 afike ngo-12h30 aye eBradford. EBradford uzovakashela <i>imuseum</i> nezinye izindawo ezibalulekile kuleli dolobha. Uzochitha ubusuku bakhe kuleli dolobha ehhotela <i>iHilton</i>.</p>
<p>26–12–2015: London – Johannesburg UJames uzoluchitha lolu suku lokugcina eNgilandi ngokuvakashela izitolo. Uzothenga izinto ezizomkhumbuza lolu hambo ngaso sonke isikhathi. Izitolo eziningi azozivakashela ziseduze ne-<i>Airport</i>. Ibhanyoni lakhe elisuka eLandani liye eGoli eNingizimu Afrika lizosuka ngo 20h00 ebusuku. Uzogibela iSAA747 ezofika eGoli ngo 10h00 ngakusasa ekuseni.</p>

- Okuzobhekwa - Sebenzisa amagama akho**
- **Sebenzisa imisho egcwele**
  - **Sebenzisa ulimi kahle**
  - **Phendula yonke imibuzo**

Phendula le mibuzo elandelayo:

- UJames usukaphi futhi uyaphi? Uzosuka nini afike nini? (1)
- Yisho izinto ezizokwenziwa nguJames ngezinsuku ezimbili efikile lapha. (2)
- UJames wenzani ngosuku lwesithathu nolwesine kule ndawo? (2)
- Bhala ngosuku lokugcina lukaJames. (2)
- UJames uzochitha izinsuku ezingaki kule ndawo futhi uzohamba isikhathi esingakanani ukubuyela ekhaya? (1)

Ukusebenzisa imisho egcwele nolimi kahle (1)

Inani elifanele lamagama (1)

**Amamaki ayi-10**

**ISIQEPHU C****UMBUZO 5**

**Funda lezi zinkondlo ezilandelayo bese uphendula imibuzo.**

**IZINKONDLO EZIFUNDWE EKILASINI****5.1 Inkondlo A**

<b>ISIGQEBHEZANA</b>	
1	Kuyakhalwa kufiwe Kuyangcwatshwa, kuziliwe- Qhamukiyane intokazi yakwethu Ishayela phezulu Qhwasha qhwasha.
2	Hhayi ngemfashini, ngiyesaba <b>Isibhuklabhukla sethanga</b> Kubanik'ugesi Amehlo ayazithuma Sesikhona isigqebhezana!
3	Yeyeni nasi isigqebhezana Asinakuhlal'emuva Cotho cotho phambili Ungafung' ukuthi sithi: "Zulu ngibukeni." Nempela uZulu uyabuka.
4	Kazi Nembez' ushonephi <b>Ubungebonise ngokujula kosuku?</b> Hhayi, kudlalwa ngawe Nembeza Ingani wena uzibeka kalula Pho indaba kabani? Isigqebhezana ngesami!

- 5.1.1 Yini isigqebhezana? (1)
- 5.1.2 Imbongi ayijabulile kule nkondlo. Kungani/Yini ndaba ingajabule? Bhala amaphuzu amabili. (2)
- 5.1.3 Chaza lawa mazwi:
- (a) **Ubungebonise ngokujula kosuku?** (1)
- (b) **Isibhuklabhukla sethanga.** (1)
- 5.1.4 Estanzeni 1 khipha ifuzamsindo, bese uyalichaza. (2)

**[7]**



5.2 **Inkondlo B**

<b>AKUVUMI UKUBA NGITHULE</b>	
1	Ngivumele ngane yomuntu ngibe ngowakho, Ngibe ngowakho kuphela, Ngonani mina kababa? Ukuba ngangazi ukuthi koba nje, Ngabe angivumanga ukuzalwa.
2	Walugqishaphi uzwelo mntanomnumzane Ungasafuni nokungicobelela kancane nje? <b>Sengimathanjana nje yilo olwakho,</b> Ungibona ngigqolozele nje Ngihuhwa ngamandla ozibuthe wothando.
3	Angisabuthi quthu lapho ngikucabanga. Sicinene isifuba sami, <b>Sivutha okomlilo wequbula,</b> Sigubh' amagagasi othando, amagagasi Angasoze adanjiswa, ngaphandle kolwakho.
4	Yeka amehlwana akho! Obuka ngawo ngingazi ukuthi Uyangigcona noma uyangizwela yini Ekubeni yisigqila sothando lwakho. Yeka uthotho lwamazinyo akho. Axhunyekwe ngobunono – <b>ikhabe uqobo,</b> Yeka ukunswininiza kwezwi lakho, Kuletha umoya opholile, Opholisa izinhlungu zishabalale okomzuzwana.

## 5.2.1 Khetha igama elilungile:

- (a) Le nkondlo inomoya (wokuncenga, wokujabula, wokuthula). (1)
- (b) Enkondlweni, intombi (iyamzwela, ayimthandi, iyamfuna) lo mfana. (1)

## 5.2.2 Luhlobo luni lwezifenko ezitholakala kule migqa?

- (a) **Sivutha okomlilo wequbula** (1)
- (b) ... **ikhabe uqobo** (1)

5.2.3 Isho ukuthini imbongi ngalawa mazwi? '**Sengimathanjana ...**' (1)

## 5.2.4 Veza imizwa yembongi kule nkondlo. Sekela. (2)

**[7]**

5.3 **Inkondlo C**

<b>LIYAJIKA ISONDO</b>	
1	Kungani uzitika ngami?
2	Kungani uhlekisa ngami?
3	Kuyakujabulisa ukungibona nginje?
4	Kuyakuthokozisa ukungibona ngitikwatikwa wusizi?
5	Bengith' uzwelana nami
6	Bengith' uzongiduduza
7	Kanti ngilihlay' emehlweni akho
8	Ungihlek' umgangela
9	Imizamo yami yonke phambi kwakh' iyize
10	Imizamo yami yonk' uyifel'amathe
11	Ubukisa ngam' ezweni lonke
12	Ubukisa ngam' ezitheni zami.
13	Abantu bangikhomba ngezithupha
14	Ngobuqinis'obufihlakele' ongabatsheli khona
15	Ukungcola konke bakubona kimi
16	Ukulunga bakubukela kude nami.
17	Ukhumbul' ukuthi umhlaba lo
18	<b>Isondo liyajika</b>
19	Namuhla kungami,
20	Kusasa kungawe.
21	Kazi wena bayothini ngawe?
22	Ingab' inhliziyo yakh' iyojabula njalo?
23	Ngiyazi, liyeza nelami ithuba
24	<b>Liyojika leli sondo;</b>
25	...

5.3.1 Ichazani imbongi ngalawa mazwi: **Isondo liyajika**? (1)

5.3.2 Luhlobo luni lwenkondlo lolu? Sekela impendulo yakho. (2)


5.3.3 Bhala ububi obubili balo muntu imbongi ekhuluma ngaye. (2)

5.3.4 Bhala **umyalezo** otholakala kule nkondlo. (1)

**[6]**

**INKONDLO ENGAFUNDWANGA EKILASINI****5.4 Inkondlo D**

**INGCEBO**



- 1 Isicebi ngumuntu oyinjinga,
- 2 Kuhle ukuba nemali.
- 3 Ingcebo ukudla kusale,
- 4 Ingcebo ukunotha.
  
- 5 Bangingi bayayifuna imali,
- 6 Kabasalali ubusuku nemini.
- 7 Bajaha imali.
- 8 Namuhla babheke ngawayizolo.
  
- 9 Bandiza ngamabhanoyi kuyofunwa imali,
- 10 Bagwinywa ngamabhasi kujahwa imali,
- 11 Bathathwa yizitimela baya emazweni yimali,
- 12 Imindeni ayisaziwa ngenxa yemali.

[isiZulu Soqobo]

- 5.4.1 Khipha ukuxhumana estanzeni 1 no 2, bese usho ukuthi luhlobo luni. (2)
- 5.4.2 Khipha izinhlobo ezimbili zemvumelwano etholakala kustanza 3 (bhala ukuthi luhlobo luni). (2)
- 5.4.3 Bhala uhlobo lwefanamsindo olubhalwe ngokugqamile emigqeni 9 no 10. (1)
- 5.4.4 Kungani imigqa yale nkondlo sithi ivalekile? (1)
- 5.4.5 Estanzeni 1, khipha amagama amabili achaza umuntu onemali eningi. (2)
- 5.4.6 Bhala **ububi** bokufuna imali eningi ngokwenkondlo. Bhala amaphuzu amabili. (2)

**[10]****Amamaki angama-30**

**ISIQEPHU D UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI****UMBUZO 6**

**Buka lesi sithombe bese uphendula imibuzo elandelayo.**



[Sithathwe kwi-Inthanethi]

6.1 **Khetha** igama elilungile.

UPat Lambie (6.1.1 **ngumdlali, ngumdlalo, abadlali**) osemncane (6.1.2 **adlalela, odlalela, odlala**) amaSharks aKwaZulu-Natali namaSpringboks. (6.1.3 **Bonke, Wonke, Lonke**) abantu bayamthanda uPat ngoba udlala kahle kakhulu futhi uyahlonipha. UPat (6.1.4 **unomfowakhe, unomfowabo, unomfowethu wakhe**) omdala, abazwana kakhulu naye.

(4)

6.2 **Gcwalisa** izikhala ngezivumelwano ezifanele. Bhala igama kuphela.

UPat ungumdlali (6.2.1 **\_\_khulu**) wamaSpringboks. Yena neqembu (6.2.2 **\_\_khe**) bathanda ukusebenza kanzima sonke isikhathi ukulungisela umdlalo (6.2.3 **\_\_indebe**) yomhlaba.

(3)

6.3 Lungisa amagama akubakaki ukwakha **impambosi** efanele.

6.3.1 AmaSharks (asebenzela) nguPat.

(1)

6.3.2 UPat (wayehlupha) ngamantombazane.

(1)

6.3.3 UPat (usebenzisa) kahle nabanye abadlali.

(1)

6.4 **Phikisa** amagama abhalwe ngokugqamile (UNGABHALI UMQONDOPHIKA).

6.4.1 UPat udlalela iqembu **elikhulu**. (1)

6.4.2 Umzimba wakhe **mncane**. (1)

6.4.3 UPat **wayefunda** eMichaelhouse ngesikhathi ngimbona. (1)

[13]

## UMBUZO 7

**Buka lesi sithombe bese wenza umsebenzi olandelayo.**



7.1 **Nciphisa** lawa magama abhalwe ngokugqamile. Bhala igama kuphela.

7.1.1 **Abafana** base-New Zealand badlala kahle kakhulu. (1)

7.1.2 **Amaqembu** amancane awazami ukudlala ne-New Zealand. (1)

7.2 **Khulisa** igama elibhalwe ngokugqamile.

Abadlali base-New Zealand banemizimba **emikhulu**. (1)

7.3 Khetha **izihlanganiso** ezifanele ukuhlanganisa le misho.

kodwa, ukuze, ngakho-ke, kungenjalo

7.3.1 Abadlali base-New Zealand babizwa ngokuthi ama-All Blacks. Abadlali baseNingizimu Afrika babizwa ngokuthi ama-Springboks. (1)

7.3.2 Umfana wami uyidlala kahle i-Rugby. Umfana wami uzodlalela ama-Springboks. (1)

7.4 Shintsha igama elibhalwe ngokugqamile libe **isabizwana soqobo**.

7.4.1 Uma ungumdlali akufuneki uphuze **utshwala**. (1)

7.4.2 Abadlali bathatha **iholide** ngoDisemba. (1)

7.5 Sebenzisa igama elikubakaki esikhundleni segama elibhalwe ngokugqamile bese ushintsha nezivumelwano.

**Thina** siyathanda ukudlala nabangani bethu. Abazali bazosithengela izicathulo zokudlala (izingane). (2)

[9]

## UMBUZO 8

Funda isigatshana esingezansi bese wenza umsebenzi olandelayo.



Abasebenzi abaningi bahola imali engabasizi ezimpilweni zabo. Kunzima ukuthi bondle imindeni yabo. **Bahola** imali encane kakhulu. Abanye bahola izinkulungwane ezimbili zamarandi **ngenyanga**. Ungayenzani nje le mali? Kuyacelwa ukuthi uhulumeni akhulumisane nabaqashi abasadlala ngabasebenzi. Laba basebenzi abasesithombeni babehamba bebuka ikhamera, bekhala ngemali.

8.1 Shintsha amagama akubakaki abe **ngondaweni**.

8.1.1 Laba basebenzi bahlala (iTheku). (1)

8.1.2 Uma beqeda ukusebenza bazoya (umhlangano). (1)

- 8.2 Sebenzisa amagama alandelayo emishweni ukubonisa incazelo ehlukile kule esendabeni:
- 8.2.1 hola (1)
- 8.2.2 inyanga (1)
- 8.3 Sebenzisa lawa magama alandelayo ukwakha imisho enomqondo ophelele ebonisa ukuthi awafani.
- 8.3.1 beka (1)
- 8.3.2 bheka (1)
- 8.4 **"Ngifuna bonke abasebenzi bezwe lami bahole imali ezobaphilisa. UMongameli uzoxabana nami uma ngingasilungisi lesi simo ngokushesha,"** kusho uNgqongqoshe wezabasebenzi.
- Qala le nkulumo kanje: UNgqongqoshe wezabasebenzi wathi, ... (2)

**[8]****Amamaki angama-30****Amamaki esewonke: 100**



NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION  
NOVEMBER 2015

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA: IPHEPHA II**  
**ISIZULU FIRST ADDITIONAL LANGUAGE: PAPER II**

Isikhathi: Amahora ama-2½

Amamaki ayi-100

---

**QAPHELA LOKHU OKULANDELAYO**

1. Leli phepha linamakhasi angu-7. Qiniseka ukuthi nelakho liphelele.
  2. Leli phepha lineziqephu EZIMBILI.
  3. Phendula zonke IZIQEPHU.
  4. Izinombolo zezimpendulo zakho mazibe njengasephepheni ungaziguquli.
  5. Ungaqala nganoma yisiphi isiqephu kodwa kufanele imibuzo yeziqephu ungayixovi.
  6. Bhala ngokucacileyo nangobunono ukuze kube lula ukumaka umsebenzi wakho.
  7. Phendula yonke imibuzo ngesiZulu esihle.
-



**ISIQEPHU A            KUNGASA NGIFILE – E. M. D. SIBIYA****Lesi siqephu sinoMbuzo 1, uMbuzo 2, uMbuzo 3, noMbuzo 4.**

- **Phendula yonke imibuzo.**
- **Qala yonke imibuzo yalesi siqephu ekhasini elisha.**
- **Uzothola amamaki kulokhu okulandelayo:**
  - **ulwazi lwendaba**
  - **ukwethula umbono wakho uwusekele kahle**
  - **ukubhala inani lamagama**
  - **isipelingi esihle**
  - **ulimi oluhle**

**UMBUZO 1**

1.1 Funda isigaba esicashunwe endabeni bese uphendula imibuzo elandelayo.

"Bekulukhuni ukusho mntanami. Kodwa-ke kuthiwa akukho okufihliwe okungenakuvela. Iqiniso linjengoba elisho uyihlomncane. Ngibonile ukuthi kufanele ngigcine ngiqunge isibindi ngayisho le ndaba. AbakwaMhlungu sebengabona ukuthi benzenjani ngami. Noma bangangibulala akunani, noma bangangixosha kufanele. Ngonile. Uze ungixolele mntanami. Ngizamile ukunehlukanisa bantabami kodwa uthando lwenu luqine njalo."

[Ikhasi 83 – 4]

- 1.1.1 Abantu abakhulumayo bakuphi? (1)
- 1.1.2 Yini embi uMaMemela ayenzile kuMhlungu nakuSenzo? Chaza kahle. (2)
- 1.1.3 Ngubani lo 'yihlomncane' uMaMemela akhuluma ngaye? (1)
- 1.1.4 Uthando lukaSenzo noNokuthula lunamandla. Sekela ngamaphuzu amabili. (2)
- 1.2 Bhala impendulo ezoba ngamagama **angama-80 kuya kwangama-90**.

Kuzoba nzima ukuthi abantu bazwelane noMaMemela futhi bamxolele emva kwalokhu ngoba wonile kakhulu. Uyavumelana noma uyaphikisana nalokhu?

Sekela impendulo yakho ubhekise kulaba balingiswa:

- ubabomncane (sekela ngamaphuzu amabili) (2)
- uNokuthula (sekela ngamaphuzu amathathu) (3)
- uMaHadebe (sekela ngamaphuzu amabili) (2)

Ulimi nohlelo (2)

**[15]**

**UMBUZO 2**

2.1 Funda isigaba esicashunwe endabeni bese uphendula imibuzo elandelayo.

Bhala isigaba esingamagama asukela kwangama-60 kuya kwangama-70.

"... Ngizobonisana nomfowethu. Kodwa mina ngokubona kwami umshado ungaqhubeka. Uma kukhona enye inkinga sesiyoyixazulula uma sekwedlulise umcimbi."

[Ikhasi 86]

Wena unguMhlungu, uyavuma ukuthi umshado uqhubeke.

Bhala izinto **eziyisithupha** ukusekela isinqumo sakho.

**Qaphela:** Sekela impendulo yakho ngokusendabeni.

(6)

2.2 Izenzo zalaba balingiswa endabeni zihambisana kanjani nesizinda sendaba: uMhlungu; uMaMemela; uSenzo?

Bhekisa kuloku okulandelayo:

- Indawo (3)
- Isimo senhlalo (3)
- Isikhathi (3)

Bhala iphuzu ELILODWA ngomlingiswa ngamunye (*each*) ngaphansi kwezihlokwana zonke zesizinda.

[15]

**UMBUZO 3**

Bhala **ingxoxo** ezoba ngamagama **ayi-130 kuya kwayi-150**.

Wena unguSenzo ukhuluma noMhlungu emva komshado wakho noNokuthula.

**Amamaki:**

Ingqikithi: Okususelwe endabeni = 4  
Okwakho = 2

(6)

Isakhiwo

(2)

Ulimi nohlelo

(2)

[10]

**UMBUZO 4**

Bhala impendulo ezoba ngamagama **ayi-180 kuya kwayi-250**.



[Umthombo: <<http://bestmandutiesguide.com>>]

Wena unguZitha, ucelwe nguSenzo ukuba ukhulume emshadweni wabo noNokuthula.

Bhala amazwi ozowasho emshadweni ubhekise kokulandelayo:

- Ukubonga abantu abenze ukuthi lo mshado ube yimpumelelo (abalingiswa abase-ndabeni). (2)
- Ngamaphuzu **amathathu** chaza ngobudlelwano benu nokuthi nazana kanjani noSenzo. (3)
- Chaza ukuthi ucabanga ukuthi uSenzo uzoba ngumyeni onjani. Nika **okuthathu**. (3)
- Yisho **okuthathu** okwaziyo ngoNokuthula. (3)
- Nika amaphuzu **amane** ukuthi ucabanga ukuthi bazohlalisana kanjani emshadweni wabo. Sekela, uphawule ngobudlelwano bukaSenzo noNokuthula. (4)

Ulimi nohlelo (4)

Isakhiwo (1)

[20]

**Amamaki angama-60**

**ISIQEPHU B UKUBHALA NOKWETHULA**

Lesi siqephu sinombuzo 5 nombuzo 6.

- Qala yonke imibuzo yalesi siqephu ekhasini elisha.
- Uzothola amamaki kulokhu okulandelayo:
  - Isakhiwo esifanele
  - Ithoni nerejista efanele
  - Ulimi oluhle
  - Isipelingi esihle
  - Inggikithi enhle
  - Ikhono lokuziqambela
  - Ukubhala inani lamagama

**UMBUZO 5**


Phendula uMbuzo 5.1 NOMA uMbuzo 5.2.

Bhala incwadi engamagama angama-180 kuya ku-200.

5.1 Esikoleni sakho iziqhwaga (*bullies*) zihlukumeza abafundi nothisha.

**Bhalela uthishanhloko incwadi engafaka okulandelayo nokunye:**

- izinto ezimbi ezenziwa yiziqhwaga
- ukuhlukumeza kwenzeka nini, kuphi, kanjani
- umthelela wezenzo ezimbi zeziqhwaga esikoleni
- othisha nabazali bangenzani ukusiza



[Umthombo: <<https://www.google.co.za>>]

**Amamaki:**

Inggikithi	(13)
Isakhiwo	(11)
Ulimi nohlelo	(6)
	<b>[30]</b>


**NOMA**

5.2 Wena ungumfundi unengcindezi (*stress*). Le ngcindezi idalwa yizinto eziningi: ngothisha, abazali, abangani, abaqeqeshi bemidlalo nokunye okuningi.

Bhala **incwadi** eya **kumhleli wephephandaba** *Isolezwe* ukhulume ngengcindezi yabafundi ezikoleni.

Incwadi **ingafaka** okulandelayo nokunye:

- chaza ukuthi kungani abafundi benengcindezi
- umthelela wengcindezi ezimpilweni zabo
- nika izixazululo



[Umthombo: <<https://www.google.co.za>>]

**Amamaki:**

Ingqikithi (13)

Isakhiwo (11)

Ulimi nohlelo (6)

**[30]**

**UMBUZO 6**

Phendula uMbuzo 6.1 **NOMA** uMbuzo 6.2.

Bhala impendulo ezoba ngamagama **ayi-120 kuya kwayi-150**.

- 6.1 Emva komcimbi we*Matric Dance* abafundi bebanga-12 bacele wena ukuthi uthumelele **i-imeyili** yokubonga bonke abekomidi le*Matric Dance/Matric Ball* abenze lo mcimbi waba yimpumelelo.

Bhala i-imeyili ezofaka okulandelayo **nokunye**:

- Abantu obabongayo
- Nika izingathu ukuthi nibongani ngabo
- Izinto abazenzile enizibongayo
- Uma nibaphe isipho chaza ukuthi kungani nikhethe lesi siph

**Amamaki:**

Ingqikithi	(6)
Isakhiwo	(2)
Ulimi nohlelo	(2)
	<b>[10]</b>

**NOMA**

- 6.2 Wena uyinduna yabafundi, bhala **imemo** ozoyithumelela abanye abaphathi babafundi (*class reps/heads of house*) ukuze bakhumbuze abafundi ngemithetho okumele bayihloniphe emcimbini we-*prize giving*.

Bhala imemo ezofaka okulandelayo **nokunye**:

- Ukugqoka iyunifomu nokubukeka kwabo
- Ukuziphatha okufanele
- Ukuhlonipha izikhathi

**Amamaki:**

Ingqikithi	(6)
Isakhiwo	(2)
Ulimi nohlelo	(2)
	<b>[10]</b>

<b>Amamaki angama-40</b>
--------------------------

**Amamaki esewonke: 100**